**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa.Uhlelo/Uhlaka MALANDULELWE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-60 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-30 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho libe sekhasini lalo lodwa.

1.1 Usizo Engalinikwa Uthisha Ngesikhathi Ngisenkingeni. **[50]**

1.2 Ubugebengu. **[50]**

1.3 Lesi Simo Sezulu Sashiya Usizi Olukhulu Emazweni Amaningi. **[50]**


1.4 Ubuhle Nobubi Bokusebenzisa Izinkundla Zokuxhumana. **[50]**

1.5 Imfundo Iyona Engasivulela Amathuba Emisebenzi. Kungabe uyavumelana yini nalesi sihloko. **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6.1



[Sicashunwe: www.gettyimages.com] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho ukubhalele incwadi ekutshela ukuthi ufuna ukuthatha unyaka wekhefu (gap year) uma eqeda umatikuletsheni/ibanga le-12. Wena awuhambisani nalesi sinqumo sakhe.

Bhala **incwadi** uphendule umngani wakho uveze imibono ngalokhu afuna ukukwenza. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Umalume wakho ushone engozini yemoto. Umndeni ucele ukuba ubhale umlando wakhe ozofundwa enkonzweni yomngcwabo.

Bhala **umlando ngomufi**. **[30]**

2.3 **I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Ikomidi eliphethe abafundi (RCL/SRC/LRC) esikoleni senu belinomhlangano lixoxa ngokungenziwa ukuthuthukisa izinga lezemidlalo esikoleni kanye nemiphumela emihle.

Bhala i-**ajenda namaminithi** alo mhlangano njengoba ungunobhala waleli komidi. **[30]**

2.4 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

Uthisha wakho obekufundisa isiZulu uthole isikhundla sokuba uthishomkhulu kwesinye isikole. Othisha, abafundi kanye nabazali bahlele ukumenzela umcimbi wokumvalelisa.

Bhala **inkulumo elungiselwe** ozoyethula emcimbini wokumvalelisa njengoba abafundi becele wena. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **ISIKHADI LESIMEMO**

Udadewenu omdala uzobe eshada mhla zingama-22 Juni 2019.

Bhala **ikhadi lesimemo** elizomema abangani nezihlobo ukuba beze kulo mcimbi. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Ubuhambele umcimbi wama-Grammy Awards obuseMelika njengoba umfowenu eculela iMgungundlovu Gospel Choir.

Bhala **idayari** yezinsuku ezi-5 ngezinto obuzenza ngenkathi useMelika. **[20]**

3.2 **INKOMBANDLELA**

UDj Gqomu usuka esiteshini sesitimela uya e-Club House manje akayazi indlela eya khona.

Sebenzisa le **nkombandlela** esekhasini elilandelayo ukumyalela indlela,ngokulandele imicibisholo.

